basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**NATIONAL**
**SENIOR CERTIFICATE**

**IBANGA LE-12**

# ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

## IPHEPHA LOKUQALA (P1)

## FEBRUWARI/MASHI 2017

## IMEMORANDAMU

**AMAMAKI: 80**

**Leli phepha linamakhasi ayi-7.**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha 

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1

1.1 1.1.1 I-google.√ (1)

1.1.2 Okubili kwalokhu
- I-inthanethi.√/
- I-facebook.√/
- I-bbm.√/
- U-whatsapp.√/
- I-twitter.√/
- I-instagram.√ (2)

1.1.3 C√/Melika.√ (1)

1.1.4 Yingoba ususize abantu abaningi ngokuthi bathole abangani nezihlobo abakade badukelana nazo.√ (1)

1.1.5 Ngesithombe esinobuso bakhe.√ (1)

1.1.6
- Konga isikhathi nemali. √√/
- Kusiza ekuhleleni imicimbi ndawonye. √√/
- Izimemba zeqembu ziyakwazi ukuxoxa ziphendulane ngaleso sikhathi.√ √ (2)

1.1.7 Okubili kwalokhu:
- Ukufaka izithombe. √/
- Ukubhala imiyalezo.√/
- Ukwakha amaqembu ahlukene.√/
- Ukukhangisa ngebhizinisi. √

(Nokunye okunembayo). (2)

1.1.8 Okubili kwalokhu:
- Ukuqophisana/Ukuphikisana nezimbangi zabo.√/
- Ukukhankasela amaqembu abo.√/
- Ukufaka amahlaya okugcina kubakhela abalandeli.√/
- Ukwakha ubudlelwane nabalandeli. √/
- Ukukhangisa ngeqembu. √ (2)

1.1.9 (a) Uthandwa kakhulu.√√/Uthandwa yiwo wonke umuntu.√√/ Usetshenziswa kakhulu.√√ (2)

(b) Ayikho into engenabo ububi bayo.√√ (2)

1.1.10 Yebo, ngoba wonke umuntu ekhaya usuke esebenzisa ifoni yakhe engamnakile omunye.√√ (2)

1.1.11
- Izigebengu zithola kalula imininingwane yomuntu ku-akhawunti yakhe ayisebenzisa ezinkundleni zokuxhumana. √
- Abanye bazenza abangani bese becela ukuba nibonane ngoba befuna ukufeza izinhloso zabo √

(Nokunye okunembayo). (2)

1.1.12 Izimpendulo ziyokwehluka:

Imiyalezo noma izithombe ezithunyelwe ngezinkundla zokuxhumana zingagcinwa ukusetshenziswa njengobufakazi.
(Nokunye okunembayo). (2)

1.1.13 Izimpendulo ziyokwehluka:

Isibonelo:
Yebo. Ukuze umuntu akwazi ukuzikhethela inkundla yokuxhumana afuna ukuyisebenzisa ngaleso sikhathi asithandayo.√√

**NOMA**

Cha. Abanye abantu abazidingi zonke lezi zinkundla zokuxhumana, bagcina ngokufona nokuthumela umyalezo (sms) kuphela.√√
(Nokunye okunembayo). (2)
**[24]**

1.2 1.2.1 Okubili kwalokhu:
- Imihlobiso.√/
- Amabhaluni.√/
- Izipho.√/
- Abantu abeze emcimbini.√/
- Amatafula.√/
- Ukudla. √/
- Iziphuzo. √
- Umbhobho wokukhuluma. √

(2)

1.2.2 Yingoba balalele inkulumo eyethulwa nguyena uLanga.√√ (2)

1.2.3 Ukujabula, ngoba uyamamatheka/uyahleka.√√ (2)
**[6]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

## UMBUZO 2

**Amaphuzu angabhekwa**:

| | Amaphuzu acashuniwe | | Amaphuzu alindelekile |
|---|---|---|---|
| 1. | 'Iyunifomu ikunika umdlandla wokuzazi ukuthi ungubani futhi ufunani ngempilo yakho.' | 1. | Umuntu uma egqoke iyunifomu uyazazi ukuthi ungubani futhi uhloseni ngempilo yakhe. |
| 2. | 'Abantu uma sebegqoke iyunifomu angeke ukwazi ukuhlukanisa ukuthi ubani ongcono kunomunye.' | 2. | Iyunifomu yenza amazinga emvelaphi yabantu afane kungabikho ukucwasana. |
| 3. | 'Umuntu oneyunifomu uyasigcina isikhathi ngoba akanayo inkinga yokuthi uzogqokani.' | 3. | Iyunifomu yenza ungabi nesikhathi osichithayo futhi ungaxakeki ngozokugqoka. |
| 4. | 'Iyunifomu iyakusiza ukukuvikela emzimbeni, ezifweni nasezingutsheni zakho zokugqoka ngesikhathi somsebenzi.' | 4. | Akulula ukuthola izifo nokungcola kwezimpahla zakho ngoba iyunifomu iyakuvikela. |
| 5. | 'Umuntu ogqoka iyunifomu wonga imali nezimpahla zakhe zokugqoka zihlale zizintsha.' | 5. | Imali oyongayo ngokugqoka iyunifomu ingakusiza ekwenzeni ezinye izinto. |
| 6. | 'Iyunifomu iyakusiza ukuba ube nokuzethemba ikunika isithunzi ('dignity').' | 6. | Awubi namahloni okuthi ugqoke kanjani ngoba iyunifomu ikunika isibindi. |
| 7. | 'Lokhu kusiza ukuthi abasebenzi bazibone belingana futhi bemukelekile.' | 7. | Emsebenzini akekho obukela phansi omunye ngoba nizibona nifana futhi nilingana. |

**Ukufingqa kumele kumakwe ngale ndlela:**
**Ukwabiwa Kwamamaki:**

- Amamaki ayi-7 ngamaphuzu ayi-7 (Iphuzu lilinye labelwa imaki elilodwa).
- Amamaki ama-3 abelwa ukusetshenziswa kahle koLimi.
- Isamba samamaki-10.

**Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Lapho Umfundi Esebenzise Awakhe Amagama:**

- Iphuzu eli-1 kuya kwama-3: Uklonyeliswa ngemaki eli-1.
- Amaphuzu ama-4 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngamamaki ama-2.
- Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Uklonyeliswa ngamamaki ama-3.
- Umfundi makangaphucwa amamaki ngoba ecaphune amaphuzu njengoba enjalo.
- Makangaphucwa futhi amamaki ngoba efingqe ngesigaba.

**Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Lapho Umfundi Ecaphune Njengoba Kunjalo Esiqeshini:**

- Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Akaklonyeliswa lutho.
- Iphuzu eli-1 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngemaki eli-1.

**QAPHELA:**

**Ukubalwa Kwamagama:**

- Abamakayo kulindeleke ukuthi babale inani lamagama asetshenzisiwe.
- Awekho amamaki asuswayo uma umfundi engalibhalanga inani lamagama asetshenzisiwe noma elibhalile kodwa kungesilona.
- Uma inani lamagama asetshenzisiwe leqile, omakayo kumele afunde wonke umusho wokugcina ngaphezu kwenani lamagama elibekiwe awuqede, angabe esakunaka okunye okuza emva kwalowo musho.

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

3.1 Ephephandabeni Isolezwe.√ (1)

3.2 Ukuheha√√/ukudonsa amehlo abantu.√√ (2)

3.3 Okubili kwalokhu:
- Thenga iphephandaba Isolezwe zonke izinsuku.√/
- Khipha ifomu yokungenela enezikhala zezithombe zezimoto eziyisi-5.√/
- Sika isithombe esinemoto njalo ngosuku usinamathisele.√/
- Faka ifomu ebhokisini elisehhovisi lephephandaba Isolezwe.√ (2)

3.4 A√/Imoto entsha.√ (1)

3.5 Ukuthumela amafomu amaningi/indathane.√√/Ukugcwalisa amafomu amaningi uwathumele ehhovisi lephephandaba Isolezwe.√√ (2)

3.6 Izimpendulo ziyokwehluka: Yebo. Okukodwa kwalokhu:
- Angayithatha ayibeke imoto aze athole izincwadi zokushayela√√/
- Angayithengisa athole imali. √√/
- Isikhangisi asinayo imibandela emayelana nezincwadi zokushayela. √√

(Nokunye okunembayo). (2)

**[10]**

**UMBUZO 4**

4.1 Ukwakha izindlu.√ (1)

4.2 Ithi uZuka unemali eningi.√√/usenemali yonke.√√/ Uyisigwili√√/ uyisicebi.√√ (2)

4.3 Mfowethu sazilibazisa ngokuganga esikoleni, sadlala ngemali yabazali namathuba.√√ (2)

4.4 Ikhaya elihlala izingane ezashonelwa abazali.√√/ Izingane ezingenabani.√√ (2)

4.5 C√/Amasokisi anezimbobo.√ (1)

4.6 Izimpendulo ziyokwehluka. Yebo. Okukodwa kwalokhu:
- Ngangiyolicela ngoba angisebenzi.√√/
- Ngoba hleze akayena umuntu omamba igqubu. √√

**NOMA**

Cha, ngangizoba namahloni okuthi ngangifunda naye futhi ngangimhleka esikoleni.√√ (2)
(Nokunye okunembayo).

**[10]**

**UMBUZO 5**

| | | | |
|---|---|---|---|
| 5.1 | 5.1.1 | Umhlaba wonke uzolwa nokucwasa ngokobuhlanga.√/<br>Umhlaba wonke uyolwa nokucwasa ngokobuhlanga. √ | (1) |
| | 5.1.2 | Imfu**<u>nj</u>**w**<u>ana</u>**. (-nj-√, -ana-√) | (2) |
| | 5.1.3 | Abantu **baseNingizimu** Afrika bayacwaswa ngokobuhlanga.√ | (1) |
| | 5.1.4 | Nksz.√ | (1) |
| | 5.1.5 | D√/Ibizombaxa.√ | (1) |
| | 5.1.6 | Abalwela amalungelo abantu bayakugxeka <u>ukucwasana</u>.√√ | (2) |
| | 5.1.7 | Iqhude.√ | (1) |
| | 5.1.8 | Isibusiso√ | (1) |
| | 5.1.9 | (a) nse√ | (1) |
| | | (b) mbo√ | (1) |
| | 5.1.10 | **Bonke**<br>Imisho iyokwehluka.<br>Isibonelo: Abafana **bonke**√ bafikile esikoleni. √ | (2) |
| 5.2 | 5.2.1 | UCandice.√ | (1) |
| | 5.2.2 | UPrianca√, ngoba uthi inkolo yakhe ingcono kunazo zonke izinkolo.√ | (2) |
| | 5.2.3 | (a) C√/i-Xenaphobia.√ | (1) |
| | | (b) A√/Ukucwasa ngokobuhlanga.√ | (1) |
| | | (c) B√/Ukucwasa ngokobulili.√ | (1)<br>**[20]** |

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**